

# UMNYANGO WOKUTHELISA WAKWA-SARS UBAMBE IZIMPAHLA EZINE-COCAINE ENGAPHEZULU KUKA-R 3 MILLION

**Pretoria, ngoLwesihlanu mhlaka 22 kuNhlolanja 2019** – Kulandela ukuqapha okuphezulu nokubheka izindiza eziningi, izolo abasebenzi boMnyango wokuThelisa woPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) abasebenzela esikhumulweni sezindiza e-OR Tambo International Airport, bakwazile ukubona obesolwa ngokushushumbisa izidakamizwa base bebamba izimpahla zakhe ebezinezidakamizwa ezingaphezulu kuka-R3 million.

Umhambi ofike evela e-Sao Paulo, uqale waphika ukuthi kukhona izimpahla aziphethe azifake ngaphakathi. Kodwa-ke, kthe abasebenzi uma bequbeka nokumphosa imibuzo, kwatholakala ukuthi zikhona izimpahla azifakile ezinesisindo esingu-23 kilograms.

Abasebenzi babe sebesithola isikhwama leso asifakile ebhandeni elihambisa izimpahla. Ngesikhathi kuhlolwa isikhwama, kutholakale obhakha ababili abagcwele obekusolakala ukuthi yi-cocaine engu-10.645kg wabe lo wesifazane esebanjwa evalelwa khona manjalo.

Kube sekubhaliswa icala lobugebengu lokushushumbisa izidakamizwa esiteshini samaphoyisa esiseduze kanye nokuzama ukulwisana nokusebenza kwengalo yomthetho ngokuphika izimpahla.

Umgibeli wabe eseboshwa kusalindwe ukuba avele phambi kwenkantolo ngamacala abhekene nawo.

Ukuze ubone umfanekiso, [cofa lapha](#).